For Examiner's Use

**Umsebenzi 1**

Funda lesi sikhangiso sakwaHamba Nathi, bese uphendula imibuzo esekhasini elilandelayo.

**Hamba Nathi**

Sikususa e-Afrika sikuyise noma yilaphi lapho ufuna ukuya khona ngeholide.

IHamba Nathi yinkampani ethuthukile ehlela futhi ilungiselele abantu base Afrika amaholide aya emhlabeni wonke. Inkampani yethu inamahhovisi angaphezu kwangama – 200 e-Afrika yonke futhi le nkampani isineminyaka engama-27 ikhona.

Sihlela izinhlobo ezahlukene zamaholide, kusukela ekungcebelekeni ngomkhumbi emanzini kuze kube sekugibeleni izintaba eziphakeme kakhulu emhlabeni wonke. Ungazikhethela iholide olithandayo bese konke okunye ukushiyele kithina ukuba sikulungiselele.

Ungeza kuthina noma ungenaso isiqiniseko sokuthi yiliphi iholide olithandayo. Sinabeluleki abakufundele futhi abaneminyaka benza lo msebenzi abazokusiza ukuthi uthathe isinqumo esifanele noma bakusize ukuthi ukhethe emaholidini esinawo athandwa kakhulu ngabantu abaningi.

Inkampani yethu isebenzisana namahotela amakhulu aziwayo nezinkampani eziqashisa ngezimoto. Lokhu kwenza kube lula ukuthi sikutholele isaphulelo ikakhulukazi uma usivumela ukuthi sikuhlelele iholide lakho lonke. Amanani ethu akahle kakhulu futhi sizimisele ukukunikeza esinye isaphulelo uma uthola amanani aphansi adlula awethu kwenye inkampani.

Lawa ngamabili amaholide esiwahlelayo athandwa kakhulu ngabantu abaningi.

**Uhlelo A: Uhambo ngomkhumbi olwandle** (sikuhlelela lokhu okulandelayo):

- Imoto ezokuthatha edolobheni langakini iphinde ikubuyise.
- Ukudla okuthathu ngosuku, ibhulakufesi, ukudla kwasemini kanye nokwasebusuku.
- Ukungena kuzo zonke izindawo zokuzithokozisa emkhunjini
- Ukusebenzisa i- internet

**Uhlelo B: iholide eliya kunoma yiliphi izwe ngebhanoyi** (Sikuhlelela lokhu):

- Amathikithi ebhanoyi, elokuya nelokubuya.
- Sikukhokhela intela yasezikhumulweni zezindiza
- Ihhotela kanye nebhulakufesi
- Sikuqashela imoto
- Sikuhlelela i-Tour guide uma uyidinga.

Singakuhlelela sikuhlanganisele uhlelo lweholide oluhambisana nezidingo zakho. Thintana nathi nge-internet noma ngocingo bese sikuhlelela iholide ngemali enhle. Esikucelayo kuwe ukuba ube nepassport futhi wenze izinhlelo zokuzitholela iVisa yalelo lizwe ofuna ukuvakashela kulo.

*For Examiner's Use*

**(a)** Obani abangasebenzisa le nkampani?

.......................................................................................................................... [1]

**(b)** Sazi kanjani ukuthi le nkampani singayethemba?

.......................................................................................................................... [1]

**(c)** Bangakusiza kanjani eHamba Nathi uma ungazazi ukuthi ufuna iholide elinjani?

.......................................................................................................................... [1]

**(d)** Ungasithola kanjani isaphulelo ngeholide lakho?

.......................................................................................................................... [1]

**(e)** Qhathanisa ukudla okuthola ohlelweni lweholide A nokuthola ohlelweni B.

.......................................................................................................................... [1]

**(f)** Ungakhetha luphi uhlelo lweholide uma ukwesaba ukundiza?

.......................................................................................................................... [1]

**(g)** Ungaxhumana kanjani nabakwa Hamba Nathi?

.......................................................................................................................... [1]

**(h)** Yikuphi abangeke bakwazi ukukwenzela khona abakwaHamba Nathi?

.......................................................................................................................... [1]

[Amamaki: 8]

© UCLES 2011

**Umsebenzi 2**

USibuyiselwe ubona lesi sikhangiso.

**Umncintiswano kaMiss Teen Pinetown 2011**

Bonke abangathanda ukuba yingxenye yomncintiswano ka Miss Teen bayamenywa ukuba bawungenele. Kumele uhlale ePinetown noma eduze kwakhona ukuze ukwazi ukungenela lo mncintiswano.

**Imininingwane**

| | | |
|---|---|---|
| Indawo | : | Ehholo lomphakathi wasePinetown |
| Usuku | : | NgoMgqibelo (mhlaka 26 Julayi) |
| Umklomelo | : | Iholide nabangane ababili eliya eKapa ngoDisemba |

Amafomu okungenela lo mncintiswano ayatholakala ehhovisi lase Pinetown leYouth Forum.

Uyintombazane esencane enephupho lokuvakashela umhlaba wonke. Uneminyaka eyi-17 ubudala, wazalwa ngomhlaka 2 kuSepthemba ngonyaka ka 1994. Ufunda ibanga lokugcina ePinetown Girls High. Uthanda izifundo zesiNgisi, kodwa ukhuluma isiZulu ekhaya. Uhlala nabazali bakhe kanye nobhuti bakhe abathathu ekhaya lakubo elihle eliku 12 Valley Road khona ePinetown. Inombolo yocingo lwasekhaya ithi 031 700 2424. USibuyiselwe akanawo umakhalekhukhwini, kodwa abazali bakhe bahlela ukumthengela uma ephumelele kahle esikoleni. Umama wakhe akasebenzi, kodwa ubaba wakhe uyimenenja enkampanini yabameli. Inombolo yakhe yomsebenzi ithi 031 701 1312 yena akahlali ehhovisi njalo kodwa uyatholakala nakumakhalekhukhwini wakhe ngaso sonke isikhathi 091 338 7474.

Ngesikathi sakhe, uSibuyiselwe uthanda ukufunda amaphephabhuku esiNgisi, ukubhukuda kanye nokumodela. Waqala ukumodela eneminyaka eyi-10 ubudala. Wathathwa yinkampani yokumodela yasePinetown ebizwa ngeCinderella Modelling Agency eseneminyaka eyi-13 futhi yilapho afunda khona okuningi ngokumodela. Wawina imincintiswano emibili ngaphansi kwale nkampani. Umncintiswano wokuqala awuwina wawusesikoleni sakhe sokuqala lapho aba nguMiss Pinetown Preparatory eneminyaka eyi-13. Umncintiswano wesibili wawuwina esikoleni esiphakeme lapho aba nguMiss Pinetown Girls High eseneminyaka eyi-16.

USibuyiselwe uyawunakekela umzimba wakhe ngokudla ukudla okunemplilo njengoba kufanele uma umodela. Ubude ungu 1.5m kanti ugqoka isicathulo esingusayizi-3 ubukhulu.

**Zicabange unguSibuyiselwe. Sebenziswa imininingwane yonke oyinikeziwe ukugcwalisa ifomu elilandelayo.**

**Ifomu lokungenela umncintiswano kaMiss Teen ePinetown**

**IMINININGWANE NGAWE**

Igama: Sibuyiselwe Isibongo: Mkhwanazi

Ikheli lasekhaya: ____________________

Iminyaka: 17 Usuku lokuzalwa: 2 September 1994

Inombolo yocingo lwasekhaya :____________________

Inombolo kamakhalekhukhwini :____________________

**IMINININGWANE NGABAZALI**

Ubudlelwane: ubaba

Inombolo engasetshenziswa uma kuphuthuma:____________________

Ubude: 1,5m usayizi wezicathulo: 3

Izilimi: isiNgisi[ ],isiXhosa [ ], isiSuthu, [ ],isiBhunu [ ], isiZulu [ ], isiSwazi [ ].

Okwenzayo ukuchitha isizungu:____________________

Izifiso namaphupho onawo: ____________________

Imincintiswano oyiwinile: ____________________

____________________

Igama lenkampani yokumodela oyimele: ____________________

[Amamaki: 9]

For Examiner's Use

© UCLES 2011

**Umsebenzi 3**

For Examiner's Use

Funda le nkulumo elandelayo ethulwa ngumeluleki lapho ekhuluma ngokubhekana nezinkinga ngendlela enempumelelo.

Sonke siyabhekana nezinkinga empilweni. Inkinga ingadalwa ukungabi nalo ulwazi, ukungalaleli lapho uxwayiswa noma kube ukunganaki nje. Abantu babhekana futhi baxazulule izinkinga ngezindlela ezahlukene. Umbuzo omkhulu ukuthi ingabe zisebenza kangakanani zonke lezi zindlela ekuxazululeni izinkinga. Ngifuna ukukhuluma nani ngokubhekana kanye nokuxazulula izinkinga ngempumelelo.

Ukuxazulula izinkinga kuyingxenye ebalulekile yezimpilo zethu, ngakho kubalulekile ukuthi sazi okumele sikwenze uma sibhekene nezinkinga. Kubalulekile ukungazibalekeli nokungazizibi izinkinga. Abantu abaningi, bavele bahlale kuzo izinkinga bathembe ukuthi zizogcina zinyamalele. Lokhu-ke bakwenza ngenzindlela ezahlukene njengokuphuza utshwala kakhulu, ukuthatha izidakamizwa noma ukwenza ubugebengu.

Into yokuqala ebalulekile ukuthola ukuthi ingabe isimo obhekene naso siyinkinga ngempela yini noma cha. Kumele uzibuze ukuthi yini eyenza ubone isimo noma lokho obhekene nakho njengenkinga. Ngamanye amazwi kumele ukwazi ukuyichaza inkinga. Isibonelo salokhu kungaba ukuthi uhlale uvumela abangane bakho bakwenzise izinto ezingalungile. Akuyona inkinga ukuba nabangane, kodwa ukubavumela ukuthi balawule impilo yakho kuyinkinga. Lokhu kungenza ukuthi othisha kanye nabanye abafundi esikoleni bangakuthandi ngenxa yenzinto ozenzayo nabangane bakho.

Ukuchaza inkinga kusho ukuthi ubheka lapho yenzeka khona, nokuthi yenzeka kanjani futhi iyithinta kanjani impilo yakho. Uma ubona ukuthi inkinga yakho inkulu kakhulu, kumele uyihlukanise ibe yizigaba ezincane bese uqala ubhekana nalezo eziphuthumayo kuqala uze uziqede zonke. Ungadlulela esinyathelweni sesibili lapho usuyazi kahle ukuthi iyini inkinga obhekene nayo. Lapha usuke usubheka izizathu noma izinto eziletha le nkinga yakho.

Isinyathelo sesithathu ukwenza uhla lapho ubheka khona izindlela ongazisebenzisa ukubhekana nenkinga onayo. Kubalulekile ukuthi ube nezixazululo ezimbalwa onazo kunokwethembela esixazululweni esisodwa ngalesi sikhathi. Ngingakugqugquzela ukuthi uzibhale phansi ephepheni zonke izixazululo onazo. Ungathola nosizo kwabanye asebeke babhekana nezimo ezifanayo nezakho ukuze uqhathanise amanothi nabo.

Isinyathelo sokugcina ukuzibuza ukuthi isixazululo okhetha ukusisebenzisa sizoyixazulala okwesikhasana yini inkinga noma sizoyixazulula iphele. Kumele ungazikhohlisi lapha, ezinye izixazululo kungenzeka zingasebenzi kuleso simo osuke ubhekene naso. Kubalulekile ukukhetha isixazululo esizosebenza ngempela. Kuyinto enhle ukuba nesineke uzinikeze isikhathi esanele ngaphambi kokubheka ukuthi imiphumela iyahambisana yini nokulindele.

Kumele uzibuze ukuthi ungazivikela kanjani kulesi simo ozithole usukuso futhi uthathe isinqumo sokumele ukwenze ukuze ungaphinde uzithole ubhekana naleso simo.

© UCLES 2011 

Kumele wethule inkulumo ngokuxazulula ezinye zezinkinga abantu abasha ababhekana nazo esikoleni sakho. Ukhethe ukusebenzisa ulwazi olufunde kule nkulumo engenhla

Ukulungiselela inkulumo yakho kumele uzenzele amanothi akho ngaphansi kwalezi zihloko. Usubhaleliwe iphuzu lokuqala. Lokhu kwenzelwe ukukusiza ngempendulo yokuqala.

For Examiner's Use

**(a)** Ezinye izizathu ezenza ukuthi sizithole sinezinkinga:

- Ukunganaki
- ........................................................................................................................ [1]
- ........................................................................................................................ [1]

**(b)** Izinto ezimbili okumele uzikhumbule lapho ukhetha indlela yokuxazulula inkinga:

- ........................................................................................................................ [1]
- ........................................................................................................................ [1]

**(c)** Izinyathelo ezine zokuxazulula inkinga:

- ........................................................................................................................ [1]
- ........................................................................................................................ [1]
- ........................................................................................................................ [1]
- ........................................................................................................................ [1]

[Amamaki: 8]

**Umsebenzi 4**

For Examiner's Use

Bhala kafushane ngezindlela ezingalungile abantu abajwayele ukuxazulula ngazo izinkinga bese uveza ukuthi kumele bazixazulule kanjani izinkinga ngendlela enempumelelo.

Ungawasebenzisa amanothi ozenzele wona ngenhla.

Umsebenzi wakho obhalwe ngokufingqiwe kumele ube yisigaba esisodwa esingeqile emagameni **angama-80** ubude.

Zama ukusebenzisa awakho amagama lapho wenza lo msebenzi.

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

[Amamaki: 5]

© UCLES 2011 

**Umsebenzi 5**

*For Examiner's Use*

Uqeda ukuthola imiphumela yakho yokuphela konyaka.

Uphase kahle kakhulu futhi waze wathola nomfundaze wokuyofunda eNyuvesi oyithandayo ozozikhethela yona.

Bhalela umngane wakho incwadi:

- Mxoxele ngalokhu okwenzekile umchazele nokuthi kungani ujabulile.
- Mtshele ukuthi ufuna ukuyofundani nokufundaphi futhi umnikeze nezizathu zalokhu okukhethile.
- Mxoxele ngezifiso zakho uma usuqedile eNyuvesi. Chaza amaphupho onawo azofezeka ngenxa yalo mfundaze owutholile.

Incwadi yakho kumele ibe ngamagama aphakathi kwayi **150 – 200** ubude.

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

© UCLES 2011

**Umsebenzi 6**

Funda le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.

Lapho kusa emathafeni aphakeme ase Sanetti ngaphansi kwezintaba zaseTopiya ezibizwa ngeBale kusuke kubanda, imisebe yokuqala yelanga ayilethi ukufudumala kodwa iza nomoya ongathi uyiqhwa obandayo. Lapho ngivalisisa ijakhethi lami lize lifike esilevini, ngibe nginyathela otshanini obuyiqhwa bese ngizitshela ukuthi ngise-Afrika. Kungaleso sikhathi lapho kuqhamuka impungushe yesifazane emadwaleni. Ibe isibhekisa ikhanda layo emuva bese ishaya umkhulungwane – ibize ezinye ezine, zonke ezingezesilisa. Ziyazelula zizikhothe futhi nemisila yazo iyatshikizisa ngaleso sikhathi.

Imisila yalezi zimpungushe inombala omnyama nomhlophe kanti zinoboya obumhlophe esifubeni. Uboya obusemqaleni nabo bumhlophe futhi buhamba bujikeleze buze bufike ngasemehlweni. Lokhu kuzenza zibukeke njengama-clown ahlekayo. Kodwa uboya bazo obubomvu obuhle ngempela. Ungathi uboya bazo buyakhuluma buthi siyizinja zohlobo oluphezulu thina. Eqinisweni lezi zimpungushe ziyizinja eziphezulu ngempela. Phela lezi zimpungushe ezaseTopiya; yizo kuphela izimpungushe ezitholakala e-Afrika.

Izimpungushe zaseTopiya zaqala lapha eminyakeni eyizi-100,000 eyadlula ngesikhathi umhlaba wonke usambozwe yiqhwa, lezi zintaba namathafa aseBale eningizimu neTopiya zazimbozwe yiqhwa lodwa. Yingaleso sikhathi-ke lapho uhlobo oluthize lwezimpungushe ezazinoboya obumpunga, ezingokhokho balezi ezikhona namhlanje, lweza kuleli zwe eliwubusika zisuka e-Eurasia. Aziqhubekanga kakhulu nokungena e-Afrika, kodwa zagcina kulamathafa ngoba ngale kwezintaba zaseBale kwakuwugwadule kuphela. Lezi zimpungushwe zazihlalela zodwa zaze zaba uhlobo olungajwayelekile – esesilandela impilo yalo namhlanje.

Kubuhlungu ukwazi ukuthi sekusele ezingama-600 kuphela eziphilayo namhlanje. Sezifakwe ohleni lwezilwane ezisebungozini bokuphela emhlabeni. Lezi zimpungushe zikujwayele ukubona abantu zonke izinsuku futhi imihlambi eminingi efana nalo esiwubonayo ijwayele ukulandelwa nguRandall kanye nabanye abacwaningi. Kujwayelekile ukubona lezi zimpungushe zizingela amagundane asendle phakathi kwabelusi nemihlambi abayelusile.

Izimpungushe zihlala ngamaqembu noma ngemihlambi futhi lonke iqembu lehlukaniswa ngumngcele ongabonakali ezizenzela wona. Uma kwenzeka elinye iqembu leqa umngcele welinye iqembu, kuvuka impi enkulu. Okumangazayo ukuthi le mingcele ayibonakali kodwa zimpungushe zona ziyayazi ukuthi ikuphi. Uzibona ziphakamisa amakhala azo phezulu, zihogela uma sezisondele emngceleni. Indawo ibalulekile kakhulu kulezi zilwane futhi indawo yazo ziyimaka ngokuchama ziyizungeze. Lokhu kuba yiwo-ke umngcele wazo. Lezi zimpungushe azifani nalezi ezijwayelekile ngoba lezi ziyahlukana uma zizingela ukudla. Abacwaningi babedideka uma bebona lokhu futhi bekubona lokhu kunganikezi umqondo njengoba lezi zimpungushe zihlala ngamaqembu kodwa zizingele ngazodwa. Lokhu kwaze kwacaca ukuthi lezi zimpungushe zihlala ngamaqembu ukuze zivikele indawo yazo yokuzingela. Ngamanye amazwi zivikela ukudla kwazo.

Njengazo zonke izilwane ezingajwayelekile, izimpungushe zaseTopiya zingaphela ngenxa yezizathu eziningi; kodwa ingozi enkulu ezibhekene nayo izifo, ikakhulukazi izifo ezizithola kwezinye izinja. Isifo samarabi esike sazihlasela kungenzeka ukuthi safika nenja eyayihamba nomelusi kanye nomhlambi wezinkomo. “Lezi zimpungushe ziyakuthanda ukujahana, ukulumana nokukhothana” ngokusho kukaRandall. “Ngakho uma eyodwa yalezi zimpungushe ingenwe ngamarabi kulula ukuthi lesi sifo sibhebhetheke singene nakwezinye izimpungushe.”

Phendula le mibuzo **ngesiZulu.**

For Examiner's Use

**(a)** Chaza kafushane ngawakho amagama indawo umlobi akuyona.

..........................................................................................................................................

.................................................................................................................................... [2]

**(b)** Yini umbhali ayibona iyinhle kakhulu ngalezi zimpungushe?

.................................................................................................................................... [1]

**(c)** Yini eyenza izimpungushe zaseTopiya zihluke emhlabeni?

.................................................................................................................................... [1]

**(d)** Kungani izimpungushe zokuqala zingaqhubekanga zadlula eTopiya?

.................................................................................................................................... [1]

**(e)** Ubona kanjani ukuthi lezi zimpungushe zibajwayele abantu?

.................................................................................................................................... [1]

**(f)** Ziyazi kanjani imingcele yazo yokuzingela lezi zimpungushe?

.................................................................................................................................... [1]

**(g)** Yini engajwayelekile ngendlela ezizingela ngayo izimpungushe zaseTopiya kunezinye izimpungushe?

.................................................................................................................................... [1]

**(h)** Uchazani umbhali uma ethi “izimpungushe zivikela ukudla kwazo”?

.................................................................................................................................... [1]

**(i)** Yini engandisa izifo emaqenjini ezimpungushe?

.................................................................................................................................... [1]

[Amamaki: 10]

**Umsebenzi 7**



Kunezinkampani ezimbili edolobheni lakini. Lezi zinkampani siseduze nemizi ehlala abantu futhi zisebenza ubusuku nemini.

Nakhu okushiwo ngabanye abantu ngalokhu.

"Kuzosidalela amathuba emisebenzi edolobheni lakithi futhi kusinciphisele inani labantu abangasebenzi."

**"Kodwa uthini ngokungcola kanye nephunga elizolethwa yilezi zinkampani. Angeke lokhu kuphazamise umphakathi wethu na?**

"Labo abazothola imisebenzi ngeke bazihluphe ngokufuna izithuthi zokubayisa emsebenzini ngoba bazobe bezihambela ngezinyawo uma bethanda."

"***Sizolala kanjani kodwa ebusuku njengoba sizophazanyiswa ukusebenza kwalezi zinkampani?"***

"Lokhu kuzoletha intuthuko kanye namanye amathuba kuleli dolobha."

Bhala incwadi ezoya ephephandabeni langakini lapho uveza imibono yomphakathi ngalezi zinkampani.

Imibono engaphezulu kumele ikunikeze amasu okubhala le ncwadi, kodwa ungaziqambela awakho uma uthanda.

Incwadi yakho kumele ibe ngamagama aphakathi kwangama **200 – 250** ubude.

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

